**HILLCREST HIGH SCHOOL**
**UKUHLOLWA KWAMANQMU (FINAL EXAMS )NOVEMBA 2013**
**ISIZULU ULIMI LOKUQALA LOKWENGEZELELA**
**IBANGA LESHUMI (GRADE 10)**

**IPHEPHA LESITHATHU(PAPER 3)**

**MOTHER TONGUE SPEAKERS ONLY**

**AMAMAKI: 100** **ISIKHATHI :2 AMAHORA**

**IMIYALELO KOHLOLWAYO:**

- Funda lonke iphepha ngaphambi kokuba uphendule imibuzo.
- Khetha futhi uphendule imibuzo kanjengoba uyalelwe.
- Bhala ngesiZulu esihle.
- Bhala ngopelomagama olwamukelekile.
- Umsebenzi wakho mawuhlanzeke.

## ISIQEPHU A: INDABA

1.Khetha isihloko **esisodwa** kwezilandelayo ubhale indaba ngaso ibe ngamagama ayi- 190 kuya kwangama-240.

**QAPHELA:**Bhala uhlaka lwendaba yakho lube sekhasini lwalo lodwa.

1.1.Esikhathini esiningi intsha yenza izinto ukujabulisa abangane nontanga,ekugcineni umuntu asale yedwa enkingeni.Bhala indaba ngalesi sihloko :

Nginje Nje Nje kungenxa yokukhohlisana nabangane. (50)

**NOMA**

1.2.Uhulumeni waseNingizimu ukhipha izimali eziningi zesibonelelo kubantu abahlukahlukene njengabadala, abantwana nabakhubazekile.Bhala indaba ngesihloko esithi:
Ubuhle Nobubi Bemali Yesibonelelo Sikahulumeni. (50)


**NOMA**

1.3.Hamba Juba Bayokuqhutha Phambili. (50)

**NOMA**


1.4. Bukisisa izithombe ezilandelayo bese ukhetha esisodwa ubhale ndaba enobudlelwane Naso.Indaba yakho uyinike isihloko.

1.4.1



(50)

1.4.2.



(50)

## ISIQEPHU B:IMIBHALO EMIDE EDLULISA IMIYALEZO

2.Khetha isihloko **ESISODWA** ubhale ngaso kube ngamagama angama-80 kuya kwayi-100.

2.1.Isitolo enithenga kuso esikoleni asisahlanzekile njengakuqala.Lokhu sekudale izinkinga eziningi kubafundi.Wena –ke ungunobhala wenhlangano yabafundi(RCL). Bhala **INCWADI** uyibhekise kuthishanhloko ukhononde ngezinkinga enibhekene nazo ngenxa yalokhu kungcola. (30)

**NOMA**

2.2. Umzala wakho ebenikhonzene naye uthole ingozi yemoto wase eshona.Umndeni ucele wena ukuba ubhale umlando kamufi ozofundwa ngosuku lomngcwabo. Bhala-ke **lo MLANDO KAMUFI.** (30)

**NOMA**

2.3.Nihlele nabangane bakho ukwenza isiphihli somcimbi wosuku lokuzalwa lomunye wabangani.Nifuna lo mcimbi udonse ubusuku bonke, kodwa umama wakho akayizwa neze kahle leyo.Bhala **INGXOXO** phakathi kwakho naye uzame ukumbonisa ukuthi kusemqoka ngani kuwe lokhu. (30)

## ISIQEPHU C: IMIBHALO EMFISHANE EDLULISA IMIYALEZO

3.Khetha isihloko **ESISODWA** ubhale ngaso kube ngamagama angama-60 kuya kwangama-80.

3.1. Abazali bakho baqeda iminyaka engamashumi amabili bashada.Bahlele umcimbi wokubungaza lolu suku nomndeni nabangane.Bhala **IRESIPHI YESITSHULU** senyama ozosiphekela izivakashi ezizobe zinani ngalolu suku. (20)

**NOMA**

3.2. Umfowenu noma udadewenu uzobe eshada ngoDisemba.Bhala **IKHADI LESIMEMO** umeme abangane nezihlobo ukuba beze bazojabula kanye nani kulo mcimbi. (20)

**NOMA**

3.3.Uyimenenja yezokukhangisa ehhotela iColony okuyihhotela elisha edolobheni. Unikwe umsebenzi wokwenza isikhangiso esizosatshalaliswa emaphephandabeni ukuze kuhehwe abavakashi.Bhala ke **ISIKHANGISO** leso.




(20)

**ISAMBA SESISONKE: 100**